Isolezwe, 24 February 2017, page 17



# Bakhala ngomonakalo wesikhonyane



UNKSZ Nokuphila Mathenjwa ongumlimi waseMakhathini Flats kuMasipala waseMkhanyakude okhala ezimathonsi ngomonakalo odalwe i-army worm ensimini yakhe yommbila

Isithombe: SITHUNYELWE

**KHULEKANI MASEKO**

BAKHALA ezimathonsi abalimi basemakhaya ngesihlava esihlasele emasimini, esaziwa nge-fall army worm.

Lesi sikhonyane esingumashaya bhuqe kuthiwa siqale ukubonakala eBrazil, kanti kuleli sihlonzwe ngoDisemba nyakenye eLimpopo naseNorth West.

Emasontweni amabili adlule kuvele ukuthi sekukhona izifunda zaKwaZulu-Natal esitholakale kuzo, okubalwa Amajuba, uMkhanyakude, iZululand noThukela.

UNksz Nokuphiwa Mathenjwa ongumlimi osafufusa waseMakhathini Flats ngaphansi komkhandlu waseMkhanyakude, uthi uthuke wacishe woma ngesikhathi ehlola insimu yakhe yommbila eyi-hectare elilodwa wafica ummbila wakhe uqobeke sengathi ubudliwa yizinkomo.

"Ngivele ngaphelelwa ngamandla uma ngihlola umonakalo. Ngizame ukusebenzisa umuthi esijwayele ukuchelela ngawo kodwa kwanhlanga zimuka nomoya. Sife olwembiza thina balimi bakwaMakhathini Flats ngoba imali esiyithola uma sekufike isikhathi sesivuno sondla ngayo imindeni, sifundise ngayo izingane siphinde siholele izisebenzi ezisisizayo nazo ezinemindeni ethembele eholweni elitholakala kithi," kusho uNksz Mathenjwa.

Uthe lesi sikhonyane uphinde wasibona ensimini yakhe yesibili yommbila obusenamasonto amabili kuphela uvelile emhlabathini. Nokho uthi umonakalo ubungakabi mkhulu kodwa unovalo lokuthi uma bengalutholi usizo ngokushesha, kuzophela konke ngesivuno salo nyaka.

UMnuz Phineus Gumede, oyiPhini likaSihlalo weKwaZulu-Natal Agricultural Union ophinde abe ngumlimi kuso lesi sifunda, uthe sebehlangene noMnyango wezoLimo mayelana nalezi zikhalo.

"Umnyango usicele ukuthi sihlangane singabalimi sibhale incwadi ehlanganisa abalimi abathintekile ukuze sithole ukunikezwa umuthi wokulwa nalesi sihlava ngokushesha. Siyajabula ngendlela umnyango olusukumela ngayo lolu daba," kusho uGumede.

Uthe nakuba yena ubengakasiboni lesi sihlava emasimini akhe kakotini kodwa usenovalo lokuthi singahlasela noma kunini kwazise abanye abalimi asondelene nabo baseMakhathini Flats sebethintekile.

Omunye umlimi wasesifundeni, uThukela ongumnini wepulazi iDanview, uMnuz Angus Braitwait, ugxeke umnyango ngokuhudula izinyawo ekuletheni umuthi wokulwa nalesi sikhonyane.

"Ngingasho ukuthi isikhonyane, i- army worm sengikwazile ukusilawula ngokuthenga imithi yokulwa naso emakhemisi. Nokho umnyango awenzi okwanele ukukhulumisana nabalimi njengoba selokhu kwahlasela lesi sihlava epulazini ngingakaze ngithintwe umnyango ngezinhlelo onazo," kusho uBraitwait. Lesi sihlava kuthiwa sihlasela kakhulu ummbila, ubhontshisi, ukotini namazambane.